

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English\isiZulu

| Ndasa 2018 Ushicilelo 2

SASSA and Post Office ready for 1 April

IT'S ALL systems go for grant recipients with payments on track.

More Matshediso

The South African Social Security Agency (SASSA) and the South African Post Office (SAPO) are ready to pay social grants to beneficiaries from 1 April without interruptions.

SASSA Acting Chief Executive Officer (CEO) Pearl Bhengu made the announcement when she briefed the media on the state of readiness for SAPO to take over from Cash Paymaster Services (CPS) on paying social grants to beneficiaries.

In the past, SASSA relied on CPS services to pay cash payments, direct deposits and electronic payments.

SASSA and SAPO signed a service agreement in December last year as a partnership to ensure the smooth payment of social grants.

The pilot projects have successfully been implemented since January this year when beneficiaries who receive grants via commercial banks, including Postbank, had money paid directly into their accounts.

According to Bhengu, SASSA has made direct



■ South African Social Security Agency Acting CEO Pearl Bhengu and South African Post Office CEO Mark Barnes are confident that all social grant will be paid on time.

payments to more than 2.3 million beneficiaries for the month of March, and this number will be increased in April 2018.

She said a total of 5.7 million beneficiaries transacting through the SASSA Payment Card will be paid directly by SASSA without the assistance of CPS in April. This means that approximately 7.7 million of the 10.7 million beneficiaries will be paid directly.

At the moment, approximately 2.8 million benefi-

ciaries receive their money in cash at SASSA pay points.

SAPO CEO Mark Barnes said the post office will ensure that payments of social grants are uninterrupted from 1 April.

"The testing of the bulk account opening process with a sample of 1 000 existing SASSA beneficiaries data was seamlessly concluded in February," said Barnes.

According to Barnes, the special disbursement account has the following features:

- No deductions
- Three free cash withdrawals
- One free balance enquiry per month
- One free mini-statement per month
- Free full statement covering up to a maximum of three months on demand
- Free first replacement card

Old SASSA cards valid until September

Bhengu said beneficiaries who are still using old SASSA cards may continue to do so until 30 September 2018.

"We will soon introduce the new SASSA cards via the Post Office and beneficiaries will be informed about the process to be followed," Bhengu added.

She also called on beneficiaries of social grants to ignore agents who claim that the current SASSA card has expired and is being replaced by another card. ■

Beneficiaries who are not sure about the information being provided should call the SASSA toll-free number on 0800 60 10 11



MISA is a blueprint for success

Page 4



KZN's 2020 economic growth targets on track

Page 7



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy



I-MISA iwuhlelo elasiza umhleli womumo wedolobha

UHLELO LUKAHULUMENI alusizi nje ukuqinisekisa ukuthi abantu abaphethe endaweni banamakhono afanele kepha luguqula izimpilo zabantu abasebasha.

More Matshedis

Ukukhula ekhaya elidla imbuya ngothi eliphethwe umama ngayedwana ebe engasebenzi kungawavimba amathuba empumelelo, kodwa akuzange kumvimbe uVele Mukhodiwa ekulandeleni iphupho lakhe lokuba umhleli womumo wedolobha.

UMukhodiwa, odabuka esigodini saseLuheni kuMasipala Wasekhaya iThulamelela eLimpopo, uthole Iziqumbe ze-Urban and Regional Planning eNyuvesi yaseVenda ngowezi-2016.

Ungomunye wabahlomule Ohlelweni Lokweseka Ingqalasizinga Kamasipala Lwabantu Abasha Abathweswe Iziqumbe (i-MISA), oluhlose ukuqinisekisa ukuthi abantu abathweswe iziqu ezingeni lemfudo ephakeme bakwazi ukungena emsebenzini babone okwenziwayo futhi

bacathuliswe emsebenzini emikhakheni yezobuchwepheshe ukuze bakwazi ukubhaliswa njengochwepheshe. I-MISA iwuhlaka lukahulumeni kazwelonke olungaphansi koMnyango Wokwengamela Ngokubambisana. Yasungulwa kuNhlabathi 2012.

"Emuva kokuqeda umatikuletsheni ngowezi-2008, kwabanesidingo sokuthi ngithathe ikhefu lonyaka ukuze ngithole indlela yokukhokha izindleko zasenyuvesi," kusho uMukhodiwa.

Ngowezi-2010, wabhalisa eNyuvesi yaseGoli kodwa akabanga nemali eyanele ukuthi aqede unyaka wakhe wokuqala, kwase kuphoqeleka ukuthi ashiye phansi.

Ngonyaka olandelayo, wabhalisela izifundo zobunjinyela, i-*Electrical Engineering* N3 ekolishi langakubo kepha washesha ukubona ukuthi bengadalelwanga lezo zifu-

ndo. Waphinda futhi wathumela izicelo zokufunda emanyuvesi ethemba ukuthi uzothola uxhaso.

Ngenhlanhla, iNyuvesi yaseVenda yasamukela isicelo sakhe, waqala ukufundela Iziqumbe ze-Urban and Regional Planning ngowezi-2012.

"Uhlelo Lokuxhasa Abafundi Ngezimali Kuzwelonke (i-NSFAS) lwakhokhelela izifundo zami zonyaka wokuqala, i-MISA yangipha umfundaze sengisonyanke ni wesibili futhi yangeseka ngaze ngaqeda izifundo zami ngowezi-2016," kusho yena.

Umfundaze wahlangabezana nazo zonke izidingo zakhe zemfundo, okubandakanya imali yezifundo, izincwadi, indawo yokuhlala kanye nokudla.

Ngowezi-2017 uMukhodiwa waqala uhlelo lokuqashwa okwesikhashana ngenhloso yokufundiswa umsebenzi kuMasipala Wasekhaya

iPrince Albert eMnyangweni Wezemisebenzi Yokwesekwa Komnyango kanye Nomphekathi.

"Ungafinyelela lapho ofuna ukuya khona noma kunini. Kumele wenze konke okusemandleni ukushintsha izimo zakho futhi uthuthukise izimo ophila ngaphansi kwazo," kusho uMukhodiwa.

Uhlelo Lwabantu Abasha Abathweswe Iziqumbe i-MISA lunabathweswe iziqu abangama-70, okubandakanya abahleli bomumo wamadolobha nezifunda abangama-31, onjinyela obuqodene nogesi abangama-24, onjinyela abaqondene nezokudweba, ukwakha nokulungisa okwakhiwe abayi-12 kanye nabaphathi bamaphrojekthi nezinkontileka abathathu. Bonke basingethwe omasipala kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye ngenengxenyehlelo.

Isikhulu Esiphezulu (i-CEO)

Esiyibamba se-MISA uNtando Vimba uthe ihhovisi lakhe liyaqonda ukuthi iNingizimu Afrika idinga kakhulu abantu abanamakhono obunjinyela nezokwakha.

"Asifuni abantu abasha abaneziqumbe kule mikhakha kuphela, kodwa kumele siqinisekise ukuthi baqeqeshwe ngendlela esezingeni lomhlaba futhi bangochwepheshe ababhalisiwe," kusho uVimba.

"Omasipala bethu babadinga kakhulu ochwepheshe. Sinomthwalo omkhulu wokwenza uhulumeni wasekhaya ube nochwepheshe, ngokusebenzisa izinhlelo zethu zokuvukuza amakhono," esho engezela. **V**



Kuze uthole iminingwane vakashela ku: www.cogta.gov.za

Abazali bazobamba iqhaza okhethweni lwe-SGB

ABAZALI BANETHUBA lokubamba iqhaza lobuholi ekulawulweni kokuphathwa kwezikole zikahulumeni ngenhloso yokuthuthukisa isimo kanye nokwenza isikole sabantwana babo sibe indawo engcono.

Ukhetho lwesigungu esilawulwa ukuphathwa kwesikole (i-SGB) lubanjwa kuNdasa futhi abazali banxuswa ukuthi bazibandakanye ukuze babambe iqhaza elibonakalayo emfundweni yezingane zabo.

Ukhetho luzobanjwa kuzo zonke izikole zikahulumeni ezweni lonkana.

Ungqongqoshe Wezemfundo Eyisisekelo u-Angie Motshekga uthe le yinqubo yokhetho enkulukazi ezweni, engaphandle kokhetho lohulumeni basekhaya kanye nohulumeni kazwelonke.

"Ukhetho lwe-SGB lunegalelo ekutheni umphakathi uzizwele ingumnikazi wendawo yawo. Imiphumela yesikole ivame ukuba ngcono lapho abazali bezibandakanya ngokugcwele futhi benentshi-

sekelo ezindabeni zesikole."

Ama-SGB anendima enkulu okumele ayidlalele ekuqinisekiseni ukuthi izidingo zabo bonke ababambiqhaza ziyahambelana, ngenhloso yokufezekisa injongo efanayo yokuzuzisa imiphumela yezemfundo emihle, ezokwazi ukubhekelela izidingo zomphakathi kanye nentuthuko yezomnotho.

I-SGB imele zonke izinhlelo zomphakathi wesikole, okubandakanya abazali, othisha, abasebenzi abangafundisi kanye nabafundi. Isikhathi sokusebenza kwamalungu e-SGB siyiminyaka emithathu.

Amandla okulawula ukuphathwa kwezikole

UMthetho Wezikole zaseNingizimu Afrika unika i-SGB

Kungakhethwa ababambiqhaza abalandelayo ukuze bangene ku-SGB:

- Abazali abanabantwana abafunda esikoleni.
- Othisha besikole.
- Abasebenzi basesikoleni abangasibo othisha.
- Abafundi basikole samabanga aphezulu.

Iyini imisebenzi ye-SGB?

- Ukuthatha isinqumo ngenqubomgomo yokubhaliswa kwabafundi esikoleni.
- Ukuthatha isinqumo ngenqubomgomo yolimi lwesikole.
- Ukuthatha isinqumo ngezinqubo zenkolo okumele zilandelwe esikoleni.
- Ukwakha umthethosisekelo wesikole kanye nesitatimende

somgomongqangi wesikole.

- Ukwakha umgomo wokuziphatha wabafundi owendlala izinqubo zokuqondisa izigwegwe.
- Isabelomali kanye nokuphathwa kwezimali.
- Ukwenzisa izincomo ngokuqashwa kwabasebenzi.
- Ukweseka uthishanhlolo, othisha kanye nabanye abasebenzi.

amandla alingene okulawula ukuphathwa kwezikole ngenengxenyehlelo yezinhlelo zentando yeningi labantu ezibalulekile.

Ngokubamba iqhaza enqubweni yokhetho, abazali ba-

qinisekisa ukuthi isikole senza lokhu okuphumelelela intshisekelo yezingane zabo ngendlela ephuma phambili.

Yize amalungu e-SGB kungadingeki ukuthi abe neziqumbe zemfundo, abazali abanamakhono

okugcina amabhuku, ukubala imali kanye nemisebenzi yezomthetho kanye nalabo abanentshisekelo, nabanothando lwezemfundo banxuswa ukuthi bacabange ngokungenelela ukhetho. **V**